# IBHUKWANA LOKUFINYELELA ULWAZI

# LWEKHOMISHANA YOKHETHO

## NGOKWESIGABA 14 SOMTHETHO WOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELA ULWAZI, WEZI-2000 (UMTHETHO 2 WEZI-2000)

**IBHUKWANA LE-PAIA LEKHOMISHANA YOKHETHO**

# Okuqukethwe

Isahluko 1
1. Imisebenzi kanye Nesakhiwo seKhomishana Yokhetho (Isigaba 14(1)(a)) ....................................3
2. Isakhiwo seKhomishana Yokhetho.........................................................................................4
3. Uhlaka Lomfanekiso Wesakhiwo Sekhomishana Yokhetho ..........................................................4
4. Iminininingwane yeKhomishana Yokhetho ..............................................................................4
5. Iminininingwane yokuxhumana yeSikhulu Solwazi/yeZikhulu Zolwazi (Isigaba 14(1)(b)) ....................5
6. Incazelo yezixazululo ezitholakalayo mayelana nanoma yisiphi isenzo kumbe ukwehluleka kweKhomishana Yokhetho ukuthatha izinyathelo.......................................................................6
7. Isiqondiso sesigaba 10 maqondana nokuthi usetshenziswa kanjani uMthetho (Isigaba 14(1)(b)(i)).6
Isahluko 2: Ukufinyelela kumarekhodi ........................................................................................8
1. Ukufinyelela kumarekhodi agcinwe yiKhomishana Yokhetho (Isigaba 14(1)(b)(ii)) ..........................8
2. Ulwazi okumele lucelwe ngokusemthethweni (Isigaba 14(1)(b)(ii)) ..................................................9
3. Izinqubokusebenza zesicelo...................................................................................................122
4. Izidalulo ezizenzekelayo (Isigaba 14(1)(b)(iii)) ..................................................................13
Isahluko 3: Izinsizakalo Ezitholakalayo.....................................................................................14
1. Uhlobobunjalo bezinsizakalo (Isigaba 14(1)(b)(iv)) ............................................................14
Isahluko 4:...................................................................................................................................15
1. Izinhlelo ezivumela ukubamba iqhaza komphakathi ekwakhiweni kwenqubomgomo nokusetshenziswa kwamandla eKhomishana Yokhetho (isigaba 14(1)(b)(v))……..………….…..………15
Isahluko 5: Umthetho wokuvikelwa kolwazi lomuntu siqu .............................................................16
1. Ukucutshungulwa kwe-POPIA ..............................................................................................16
2. Inhlosongqangi yokucutshungulwa (Isigaba 14(1)(c)(i))............................................................16
3. Imikhakha yabanikazi bemininingo kanye nemikhakha yolwazi (Isigaba 14(1)(c)(ii)) .....................17
4. Abamukeli/imikhakha yabamukeli okuyibona abanganikezelwa ngolwazi lomuntu siqu (Isigaba 14(1)(c)(iii))...............................................................................................................................19
5. Ukuthunyelwa okuhleliwe kolwazi lomuntu siqu phakathi kwamazwe ahlukene (Isigaba 14(1)(c)(iv))..........20
6. Incazelo ejwayelekile yezinyathelo zokuvikela ulwazi (Isigaba 14(1)(c)(v))..................................20
Isahluko 6: Okunhlobonhlobo ...................................................................................................22
1. Ukubuyekezwa kwencwajana.................................................................................................22
2. Ukutholakala kwencwajana ...................................................................................................222
ISIJOBELELO A Uhlaka Lomfanekiso Wesakhiwo Sekhomishana Yokhetho......................................23
ISIJOBELELO B Isicelo sokufinyelela irekhodi Lenhlangano Kahulumeni ...........................................20
ISIJOBELELO C Izimali ezinqunyiwe – Izinhlangano zikahulumeni....................................................24
ISIJOBELELO D Izinsuku Zokuchitshiyelwa...................................................................................33

**ISAHLUKO 1:**

**IMININGWANE EDINGEKAYO NGOKWESIGABA 14 SOMTHETHO WOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELA ULWAZI (UMTHETHO 2 WEZI-2000) ("UMTHETHO" / "I-PAIA")**

1. **IMISEBENZI KANYE NESAKHIWO SEKHOMISHANA YOKHETHO (ISIGABA 14(1)(A))**

1.1 Imisebenzi yeKhomishana Yokhetho njengoba inqunywe yisigaba 190 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika, we-1996, yilena:

1.1.1 ukuphatha/ukulawula ukhetho lwemigwamanda yezishayamthetho zikazwelonke, zezifundazwe kanye nezomasipala ngokuhambisana nomthetho kazwelonke;

1.1.2 ukuqinisekisa ukuthi lolo khetho lukhululekile futhi lunobulungiswa; kanye

1.1.3 nokumemezela imiphumela yalolo khetho esikhathini okufanele sinqunywe ngumthetho kazwelonke futhi okumele sibe sifushane ngakho konke okusemandleni.

1.2 Ikhomishana Yokhetho iphinde ibe namandla kanye nemisebenzi eyengeziwe enqunywe ngumthetho kazwelonke, okufanele ngokweSigaba 5 soMthetho Wekhomishana Yokhetho, uMthetho 51 we-1996, ibandakanye lokhu okulandelayo:

1.2.1 ukugqugquzela izimo ezivumela ukuba kube nokhetho olukhululekile nolunobulungiswa;

1.2.2 ukuthuthukisa ulwazi lwezinqubo zokhetho eziphusile nezentando yeningi;

1.2.3 ukuhlanganisa kanye nokulondoloza uhlu lwabavoti ngohlelo lokubhalisa abavoti abafanelekile ngokusebenzisa imininingwane etholakala emithonjeni kahulumeni kanye nasolwazini olunikezwa abavoti;

1.2.4 ukuhlanganisa kanye nokulondoloza irejista yamaqembu;

1.2.5 ukusungula nokugcina ukuxhumana nokubambisana namaqembu;

1.2.6 ukuqalisa futhi ikhuthaze ucwaningo ngezindaba zokhetho;

1.2.7 ukuthuthukisa futhi ikhuthaze ukuthuthukiswa kobungoti bezokhetho kanye nobuchwepheshe kuyo yonke imikhakha kahulumeni;

1.2.8 ukuqhubeka nokubuyekeza umthetho wezokhetho kanye nomthetho wezokhetho ohlongoziwe, kanye nokwenza izincomo mayelana nalokho;

1.2.9 ukukhuthaza uhlelo lokufundiswa kwabavoti;

1.2.10 ukugqugquzela ukubambisana kanye nabantu naphakathi kwabantu, izikhungo, ohulumeni kanye nabaphathi bokwenziwa kwemisebenzi ukuze kufezekiswe izinjongo zayo;

1.2.11 ukumemezela imiphumela yokhetho lwemigwamanda yezishayamthetho zikazwelonke, zezifundazwe kanye nezikamasipala ezinsukwini eziyisikhombisa ngemuva kwalolo khetho;

1.2.12 ukwahlulela nokuthatha izinqumo ezingxabanweni ezingase zivele enhlanganweni, ekuphathweni komsebenzi noma ekubanjweni kokhetho futhi eziwuhlobo lokuphathwa komsebenzi; futhi

1.2.13 iqoke abaphathi bomphakathi abafanelekile kunoma yimuphi umkhakha kahulumeni ukuze baqhube ukhetho uma kunesidingo.

## 2. ISAKHIWO SEKHOMISHANA YOKHETHO

2.1 NgokweSigaba 6 soMthetho Wekhomishana Yokhetho, uMthetho 51 we-1996, iKhomishana yoKhetho yakhiwe ngoKhomishana abahlanu (okuhlanganisa noSihlalo kanye neSekela likaSihlalo).

2.2 IKhomishana iqoka Isikhulu Esiphezulu Sokhetho okuyisona esiyinhloko yokuphathwa komsebenzi kanye nesikhulu esiphendulayo.

2.3 IKhomishana Yokhetho inehhovisi likazwelonke elizinze eCenturion kanye namahhovisi ezifundazwe ayisishiyagalolunye, ihhovisi elilodwa esifundazweni ngasinye. Ngaphezu kwalokho, iKhomishana Yokhetho inamahhovisi endawo kumasipala ngamunye.

2.4 Abaphathi bomsebenzi benza imisebenzi yabo ngokusebenzisa iminyango ehlukahlukene ehhovisi likazwelonke, amahhovisi ezifundazwe ayisishiyagalolunye kanye namahhavisi endawo. Isikhulu Esiphezulu Sokhetho (CEO) sisizwa ngamaSekela Esikhulu Esiphezulu Sokhetho (ama-DCEO) amane kanjalo neziKhulu Zokhetho Zezifundazwe (ama-PEO) eziqokelwe isifundazwe ngasinye.

## 3. UHLAKA LOMFANEKISO WESAKHIWO SEKHOMISHANA YOKHETHO

3.1 Uhlaka lomfanekiso wesakhiwo seKhomishana Yokhetho luveziwe kwiSijobelelo A esinanyathiselwe khona lapha.

## 4. IMINININGWANE YEKHOMISHANA YOKHETHO

| | |
|---|---|
| Igama lomgwamanda: | iKhomishana Yokhetho YaseNingizimu Afrika |
| USihlalo womgwamanda: | |
| OKhomishana: | Mnu Mosotho Moepya (uSihlalo) |
| | Nksz Janet Love (iPhini likaSihlalo) |
| | Mnu Glen Mashinini |
| | Dkt Nomsa Masuku |
| | iJaji Dhaya Pillay |
| Isikhulu Esiphezulu Sokhetho: | Mnu Phatudi Simon Mamabolo (Isikhulu Esiphendulayo) |
| Ikheli Lendawo: | Election House<br>Riverside Office Park<br>1303 Heuwel Avenue<br>Centurion<br>0157 |
| Ikheli Leposi: | Private Bag X112<br>CENTURION<br>0046 |
| Inombolo Yocingo: | (012) 622 5700 |
| Inombolo Yesikhahlamezi: | (012) 622-5784 |
| Isizindalwazi: | www.elections.org.za |

5. **IMININGINGWANE YOKUXHUMANA YESIKHULU SOLWAZI/YEZIKHULU ZOLWAZI (ISIGABA 14(1)(b))**

**ISIKHULU SOLWAZI**

Mnu Phatudi Simon Mamabolo

| | |
|---|---|
| Ikheli Lendawo: | Election House<br>Riverside Office Park<br>1303 Heuwel Avenue<br>Centurion<br>0157 |
| Ikheli Leposi: | Private Bag X112<br>CENTURION<br>0046 |
| Inombolo Yocingo: | (012) 622 5700 |
| Inombolo Yesikhahlamezi: | (012) 622-5784 |
| Ikheli le-imeyili: | mamabolos@elections.org.za |

**ISEKELA LESIKHULU SOLWAZI (IHHOVISI LIKAZWELONKE)**

Mnu Masego Sheburi

**Ulwazi Lokuxhumana**

| | |
|---|---|
| Ikheli Lendawo: | Election House<br>Riverside Office Park<br>1303 Heuwel Avenue<br>CENTURION<br>0157 |
| Ikheli Leposi: | Private Bag X112<br>CENTURION<br>0046 |
| Inombolo Yocingo: | (012) 622 5700 |
| Inombolo Yesikhahlamezi: | (012) 622-5784 |
| Ikheli le-imeyili: | sheburim@elections.org.za |

**AMASEKELA EZIKHULU ZOLWAZI (IHHOVISI LIKAZWELONKE)**

| **Izinsizakalo zokweseka imisebenzi yenkampani: Nksz Akhtari Henning** | **Uxhaso Lwamaqembu Ezepolitiki: Mnu George Mahlangu** |
|---|---|
| Riverside Office Park<br>Election House, Ground Floor<br>1303 Heuwel Avenue, Centurion, 0157<br>Ucingo: (012) 622 5700<br>Isikhahlamezi: (012) 622 5784 | Riverside Office Park<br>Election House, Ground Floor<br>1303 Heuwel Avenue, Centurion, 0157<br>Ucingo: (012) 622 5700<br>Isikhahlamezi: (012) 622 5784 |

| I-imeyili: HenningA@elections.org.za | I-imeyili: Mahlangui@elections.org.za |
|---|---|

| | |
|---|---|
| **Umsebenzi Wokhetho: Mnu Masego Sheburi**<br>Riverside Office Park<br>Election House, Ground Floor<br>1303 Heuwel Avenue, Centurion, 0157<br>Ucingo: (012) 622 5700<br>Isikhahlamezi: (012) 622 5784<br>I-imeyili: sheburim@elections.org.za | **Ukuphumela Emphakathini: Mnu Mawhethu Mosery**<br>Riverside Office Park<br>Election House, Ground Floor<br>1303 Heuwel Avenue, Centurion, 0157<br>Ucingo: (012) 622 5700<br>Isikhahlamezi: (012) 622 5784<br>I-imeyili: MoseryM@elections.org.za |

## 6. INCAZELO YEZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA NANOMA YISIPHI ISENZO KUMBE UKWEHLULEKA KWEKHOMISHANA YOKHETHO UKUTHATHA IZINYATHELO

Umfakisicelo ongagculisekile ngesinqumo seKhomishana Yokhetho esiphathelene nesicelo sokuthola irekhodi elithile, angasebenzisa izixazululo ezivezwe ku-PAIA kanye/noma i-POPIA, njengoba kufanelekile, okuhlanganisa isikhalazo esingase sifakwe kuMlawuli Wolwazi noma kufakwe isicelo enkantolo.

## 7. ISIQONDISO SESIGABA 10 MAQONDANA NOKUTHI USETSHENZISWA KANJANI UMTHETHO (ISIGABA 14(1)(B)(I))

7.1 Isigaba 14(1)(c) soMthetho sifuna kube nencazelo yesiqondiso okukhulunywe ngaso kwisigaba 10 soMthetho, uma sikhona sitholakala, kanye nendlela yokuthola ukufinyelela kuso. Isiqondiso okukhulunywe ngaso kwisigaba 10 sihlanganiswe nguMlawuli Wolwazi siqukethe ulwazi okungenzeka ludingwe ngokunengqondo ephusile yinoma yimuphi umuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elihlongozwe kuMthetho.

7.2 UMlawuli Wolwazi usesishicilele isiqondiso okukhulunywe ngaso kwiSigaba 14(1)(c) soMthetho. Isiqondiso sibhekelela lezi zindaba ezilandelayo:

7.2.1 kungani ukufinyelela ulwazi kubalulekile;

7.2.2 incazelo yemithombo yolwazi kanye nokuthi ukufinyelela ulwazi kungatholakala kanjani;

7.2.3 usenza kanjani isicelo sokufinyelela ulwazi;

7.2.4 kunini lapho ukufinyelela irekhodi kungase kwenqatshwe;

7.2.5 ulwazi olujwayelekile oluphathelene nezichibiyelo zoMthetho, Imithethonqubo, Izaziso Zikahulumeni kanye Nemibiko; kanye

7.2.6 nohlu lwezinhlangano zikahulumeni okungatholwa kuzo imvume yokufinyelela kumarekhodi.

7.3 UMlawuli Wolwazi uhlanganise isiqondiso ngokukhethekile ukuze sisize abantu ukuthi bafinyelele amarekhodi futhi basebenzise ilungelo labo lokuthola ulwazi.

7.4 Isiqondiso siyatholakala ngolimi ngalunye olusemthethweni mahhala ukuze sihlolwe ngumphakathi ngezikhathi zokusebenza ezindaweni ezihlukahlukene njengoba zibaluliwe ngezansi. Noma ubani angacela ukuthola ikhophi yesiqondiso. Amakhophi esiqondiso angatholakala ngokukhokhwa kwemali yokufinyelela ulwazi okuyimali enqunywe ngenhloso yokukhiqiza, ukucinga nokulungiselela, kanjalo nesikhathi esidingekayo esingaphezu kwamahora anqunyelwe ukucinga kanye nokulungisa irekhodi ukuze lidalulwe.

7.5 Amakhophi esiqondiso ayatholakala kulezi zindawo ezilandelayo:

7.5.1 Ehhovisi lakomkhulu lakwa-IEC: Riverside Office Park, Election House, Ground Floor, 1303 Heuwel Avenue, Centurion, 0157

7.5.2 Ehhovisi lenhloko yomnyango kazwelonke obhekelele ezokuxhumana nohulumeni: Government Communications and Information Services (GCIS)

7.5.3 Ezindaweni ezilandelayo zokugcinwa ngokusemthethweni kwezincwadi nemibhalo eshicilelwe njengoba zichaziwe kwisigaba 6 soMthetho Wokugcinwa Ngokusemthethweni Kwezincwadi Nemibhalo Eshicilelwe, (uMthetho 54 we-1997)

7.5.3.1 Library of Parliament, eKapa;

7.5.3.2 The South African Library, eKapa;

7.5.3.3 Natal Society Library, eMgungundlovu;

7.5.3.4 The State Library eTshwane;

7.5.3.5 City Library Services, eBloemfontein;

7.5.3.6 The National Film, Video and Sound Archives, eTshwane;

7.5.3.7 Nanoma yimuphi umtapo wolwazi noma isikhungo esinqunywe nguNgqongqoshe Wezobulungiswa kanye Nokuthuthukiswa KoMthethosisekelo ngezinhloso zezigaba ezithile ezinqunyiwe zemibhalo; kanye

7.5.3.8 Nazo zonke izikhungo zemfundo ephakeme ezisungulwe ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho.

7.6 Amakhophi esiqondiso ayatholakala futhi ngazo zonke izilimi ezisemthethweni emahhovisi alandelayo:

7.6.1 ihhovisi lezikhulu zolwazi zezinhlangano zikahulumeni;

7.6.2 wonke amahhovisi ezinhlangano zikahulumeni;

7.6.3 wonke amaHhovisi kaMantshi;

7.6.4 wonke amahhovisi oMnyango Wezobulungiswa kanye Nokuthuthukiswa KoMthethosisekelo;

7.6.5 wonke amaposi; kanye

7.6.6 nakuSomqulu Kahulumeni.

7.7 Isiqondiso siyatholakala futhi kuwo wonke amahhovisi kanye nakwisizindalwazi soMlawuli Wolwazi, (https://inforegulator.org.za/).

7.8 Noma yimiphi imibuzo ephathelene nesiqondiso ingaqondiswa ku:
The Information Regulator
JD House
27 Siemens Street
Braamfontein
2001
Inombolo Yocingo: +27 11 023 5200
I-imeyili: enquiries@inforegulator.org.za

**ISAHLUKO 2:**

**UKUFINYELELA KUMAREKHODI**

1. **UKUFINYELELA KUMAREKHODI AGCINWE YIKHOMISHANA YOKHETHO (ISIGABA 14(1)(b)(ii))**

1.1 Amarekhodi agcinwa ngokuhambisana nemithetho eyahlukahlukene, imithetho elandelayo iyona eqave kakhulu:

1.1.1 UMthethosisekelo WeRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika, we-1996;

1.1.2 UMthetho Wekhomishana Yokhetho, uMthetho 51 we-1996;

1.1.3 UMthetho Wezokhetho, uMthetho 73 we-1998;

1.1.4 Uhulumeni Wasekhaya: uMthetho Wokhetho Lomasipala, uMthetho 27 wezi-2000;

1.1.5 UMthetho Wokuchitshiyelwa Kwemithetho Yezokhetho, uMthetho 34 wezi-2003;

1.1.6 UMthetho Wokuchitshiyelwa Komthetho Wekhomishana Yokhetho, uMthetho wezi-2014;

1.1.7 UMthetho Wokuchitshiyelwa Kwesibili Kwemithetho Yezokhetho, uMthetho 40 wezi-2003;

1.1.8 UMthetho Wokuchitshiyelwa KoMthetho Wokhetho, uMthetho 18 wezi-2013;

1.1.9 UMthetho Wokuchitshiyelwa Kwemithetho Ejwayelekile (Ukulahlekelwa Ubulungu Besishayamthetho Sikazwelonke, IsiShayamthetho Sesifundazwe noma UMkhandlu Kamasipala), uMthetho 55 wezi-2008;

1.1.10 Uhulumeni Wasekhaya: uMthetho Wezinhlaka Zomasipala, uMthetho 117 we-1998;

1.1.11 Uhulumeni Wasekhaya: uMthetho Wokuklanywa Komasipala, uMthetho 27 we-1998;

1.1.12 Uhulumeni Wasekhaya: Imithethonqubo Yokhetho Lomasipala – Isichibiyelo sowezi-2011;

1.1.13 Uhulumeni Wasekhaya: uMthetho Wokuchitshiyelwa Komthetho Wokhetho Lomasipala, wezi-2010;

1.1.14 Uhulumeni Wasekhaya: uMthetho Wokuchitshiyelwa Kwezinhlaka Zomasipala, uMthetho 2 wezi-2002;

1.1.15 UMthetho Wentela Yengenisomali, uMthetho 58 we-1962 (isigaba 75 (1));

1.1.16 UMthetho Womshwalense Wokungasebenzi, uMthetho 30 we-1966 (izigaba 32 no 33) uMthetho Wentela Yenani Elingeziwe, uMthetho 89 we-1991 (isigaba 55);

1.1.17 UMthetho Wokunxeshezelwa Kokulimala Nezifo Emsebenzini, uMthetho 130 we-1993 (isigaba 81);

1.1.18 UMthetho Wezobudlelwano Nabasebenzi, uMthetho 66 we-1995 (izigaba 98, 99 no 205);

1.1.19 UMthetho Wezimo Eziyisisekelo Zokuqashwa, uMthetho 75 we-1997 (izigaba 29 (4) no 31);

1.1.20 UMthetho Wokulingana Emsebenzini, uMthetho 55 we-1998 (isigaba 26);

1.1.21 UMthetho Wezimali Zokuthuthukiswa Kwamakhono, uMthetho 9 we-1999 (isigaba 13);

1.1.22 UMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu Siqu, uMthetho 4 wezi-2013 (**POPIA**);

1.1.23 UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, uMthetho 1 we-1999;

1.1.24 UMthetho Wokuxhaswa Ngezimali Kwamaqembu Ezepolitiki, uMthetho 6 wezi-2018;

1.1.25 UMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini, uMthetho 85 we-1993; kanye

1.1.26 UMthetho Wezinqolobane Zomlando Zikazwelonke Namarekhodi WaseNingizimu Afrika, uMthetho 43 we-1996.

## 2. ULWAZI OKUMELE LUCELWE NGOKUSEMTHETHWENI (ISIGABA 14(1)(b)(ii))

IKhomishana Yokhetho igcine imikhakha elandelayo yamarekhodi ahlobene nezihloko ezishiwo ngezansi:

### 2.1 Imibhalo ehlobene nokhetho

2.1.1 UMthetho Wokhetho onguNombolo 27 we-1998 uhlinzekela ukuthi uhlu lwabavoti kumele lusetshenziselwe izinhloso zokhetho kuphela (isigaba 91(1)(d) soMthetho Wokhetho) (**"uMthetho Wokhetho"**). Kulona lonke ukhetho, okuhlanganisa nokhetho lokuchibiyela, noma yimuphi umvoti angahlola uhlu lwabavoti ezindaweni eziqokiwe ezishicilelwe kuSomqulu Kahulumeni. Amakhophi ohlu lwabavoti aphinde atholakale emaqenjini ezepolitiki ngezinhloso zokhetho. Ukusebenzisa uhlu lwabavoti ngezinhloso ezingezona izinjongo zokhetho kuyicala lobugebengu (isigaba 16(2A) kanye nesigaba 98(a) soMthetho Wokhetho).

2.1.2 Kusebenza okufanayo maqondana namakhophi amabalazwe ezifunda zokuvota (isigaba 63 soMthetho Wokhetho) kanye nokuhlolwa kwawo ngezikhathi zokhetho. Amabalazwe ayatholakala ukuze ahlolwe eHhovisi Likazwelonke leKhomishana Yokhetho. Izimiselo ezifanayo eziphathelene nokhetho lomasipala ziyatholakala kuHulumeni Wasekhaya: uMthetho Wokhetho Lomasipala (uMthetho 27 wezi-2000.)

2.1.3 Yonke imibhalo nezincwadi eziphathelene nokubhaliswa kwamaqembu ezepolitiki ngokwesigaba 15 (Imithethonqubo Yokubhaliswa Kwamaqembu Ezepolitiki) soMthetho Wekhomishana Yokhetho, we-1996, kanjalo namafomu okuqoka abantu abazongenela ukhetho, izinhlu zamaqembu, uhlelo lwezikhathi (timetables) zokhetho, izaziso zomthetho ezishicilelwe koSomqulu Bezifundazwe kanye noSomqulu Kahulumeni ngokwemithetho yokhetho esebenzayo kanye nemiphumela yokhetho yalo lonke ukhetho olusingethwe yiKhomishana yoKhetho, kuyatholakala ukuze kuhlolwe, kuncike emandleni eSikhulu eSiphezulu soKhetho okuchitha nokukhipha impahla yokhetho.

### 2.2 Amarekhodi omtapo wolwazi

2.2.1 Umtapo wolwazi weKhomishana yoKhetho uqukethe iqoqo lemisebenzi evamile futhi ihlanganisa nezincwadi zezihloko ezihlukahlukene ezihlobene nokhetho kanye nomthethosisekelo. Impahla yomtapo wolwazi kanye neqoqo lezincwadi namajenali kuyathengwa noma kube yizimpahla ezinikeliwe.

2.2.2 Abantu abafisa ukusebenzisa lezi zinsiza bangenza kanjalo, nakuba kunjalo ukufinyelela kunqunyelwe ukungena ngokubekisa kusengaphambili (appointment) kuphela. Ayikho impahla okumele ithathwe noma ikhishwe ngokubolekisa. Noma yiziphi izindleko ezidalekayo zizokhokhelwa umuntu osebenzisa impahla.

2.2.3 Le mikhakha elandelayo yezincwadi namajenali igcinwa emtapweni wolwazi weKhomishana yoKhetho:

2.2.3.1 ukuphathwa kwempahla;

2.2.3.2 ezomnotho webhizinisi kanye nokuphathwa kwebhizinisi;

2.2.3.3 imibhalo yezomthetho;

2.2.3.4 imithethosisekelo yamazwe ngamazwe;

2.2.3.5 ukubusa ngokubambisana;

2.2.3.6 izincwadi nezinsiza ezihlobene nentando yeningi;

2.2.3.7 ezohwebo kanye nezomnotho;

2.2.3.8 izinsiza ezihlobene nokufundiswa kwabavoti;

2.2.3.9 impahla yokhetho, kuzwelonke nakwamanye amazwe;

2.2.3.10 ukuphathwa kwezimali;

2.2.3.11 ukuphathwa kwezithuthi;

2.2.3.12 imibiko kahulumeni, imibiko yohulumeni basekhaya, izimpahla ezihlobene nezinhlaka zikamasipala;

2.2.3.13 amalungelo abantu;

2.2.3.14 izincwadi nemibhalo ehlobene nobulili;

2.2.3.15 impilo yebhizinisi;

2.2.3.16 umlando;

2.2.3.17 izinsizakalo zabasebenzi;

2.2.3.18 ezepolitiki;

2.2.3.19 ukuthengwa kwempahla kanye nokuthuthwa kwayo;

2.2.3.20 amakhono okusebenza kanye nokuxhumana;

2.2.3.21 izincwadi okubhekiselwa kuzo, amaphephabhuku namajenali;

2.2.3.22 ukuphathwa kolwazi;

2.2.3.23 impahla ehlobene nezokuphepha;

2.2.3.24 imibiko yomthetho; kanye

2.2.3.25 nezincwadi zezomthetho.

2.3 **Impahla yezokuxhumana**

2.4 **Izimpahla ezengeziwe ezigcinwa yiKhomishana Yokhetho:**

2.4.1 imibiko yonyaka, imibiko kanye nemibhalo enobuqhinga;

2.4.2 izimpahla zokukhankasa;

2.4.3 izinhlu zamakhansela;

2.4.4 izinqumo zenkantolo;

2.4.5 imiphumela yokujomba nesihlalo;

2.4.6 amafomu abavoti kanye namaqembu kanjalo nabantu abangenele ukhetho;

2.4.7 ucwaningo kanye nezibalo;

2.4.8 amarekhodi ahlobene neziphakamiso zomkhankaso, izinhlelo ezinobuqhinga kanye nezinhlelo zokukhangisa;

2.4.9 impahla yokuxhumana yangaphakathi njengezincwadi zezindaba, imibhalo yemicimbi, izinhlelo, ukwethulwa kwezinhlelo/imicimbi, izikhumbuzo kanye nezimemo;

2.4.10 imibhalo yobudlelwano nabezindaba ehlanganisa lokho okukhishwa kwabezindaba, ulwazi olufingqiwe mayelana nomkhiqizo othile kanye nemibiko yokuqapha;

2.4.11 okushicilelwe kanye nemibiko, okuhlanganisa imibiko yokhetho kanye nezinhlelo zezikhathi zokhetho;

2.4.12 izinkulumo;

2.4.13 izincwajana eziphathelene nezinkampani/amabhizinisi;

2.4.14 impahla nezinsiza zokukhangisa; kanye

2.4.15 nezimpahla zokubhalisa kanye nezokhetho ezibandakanya amaphosta kanye namapheshana; kanjalo

2.4.16 nempahla kanye nemihlahlandlela yokufundisa ngokuvota.

2.5 **Izinqolobane zomlando**

Imibhalo yangaphakathi enhlanganweni, okuhlanganisa imibiko, amaminithi omhlangano, izincwadi ezingenayo neziphumayo, amamemorandamu, amafeksi, amabalazwe, izithombe, amapheshana kanye nezinye izinto zokukhangisa kugcinwa emnyangweni wemibhalo weKhomishana Yokhetho ngokuhambisana nezimiselo zoMthetho Wezinqolobane Zomlando Zikazwelonke Namarekhodi WaseNingizimu Afrika, (uMthetho 43 we-1996).

2.6 **Ezezimali**

Ukuhlolwa kwemibhalo yezimali kuzoba sothandweni lweSikhulu Esiphezulu Sokhetho esiphinde sibe yiSikhulu Esiphendula Ngokwenzekayo seKhomishana Yokhetho. Leyo mibhalo igcinwa ngokwezimiselo zoMthetho Wezinqolobane Zomlando Zikazwelonke Namarekhodi WaseNingizimu Afrika (uMthetho 43 we-1996). lokhu kubandakanya izabelomali ze-MTEF zenhlangano, izinhlelo ezinobuqhinga kanye nezethulo ze-MTEF.

2.7 **Ukuthengwa kwempahla**

2.7.1 Ikhomishana Yokhetho, njengoba iyisikhungo esizimele esingaphansi kweSahluko 9 ngokoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, ingaphansi kwezimiselo zoMthetho Wohlakakusebenza Lwenqubomgomo Yokuthengwa Kwempahla Ekhethekile, uMthetho 5 wezi-2000 futhi konke ukuthengwa kwempahla kwenziwa ngokwalo Mthetho kanye nomthetho ohlobene nawo.

2.7.2 Ikhomishana Yokhetho iphinde isebenzise uhlelo lokuthengwa kwempahla kwi-inthanethi olutholakayo kwi-inthanethi kwisizindalwazi esilandelayo: www.votaquotes.elections.org.za.

2.7.3 Ulwazi olumayelana nezincwadi zokuthengwa kwempahla, izinqubomgomo zokuthengwa kwempahla, amathenda atholiwe, ukuhlolwa kwamathenda kanye nolwazi oluhlobene nokuthengwa kwempahla kugcinwa eHhovisi Likazwelonke LeKhomishana Yokhetho.

2.8 **Izinsizakalo zabasebenzi**

Ulwazi oluhlobene namarekhodi abasebenzi, imibiko yokulingana emsebenzini, izinqubomgomo kanye nemibhalo ehlobene nazo kugcinwa eHhovisi Likazwelonke LeKhomishana Yokhetho.

2.9 **Izimpahla zokuqeqesha**

Izimpahla zokuqeqesha ezisetshenziselwa imiklamo yokufundisa ngokhetho olwenziwa ngentando yeningi, imiklamo yezikole kanye nokuqeqeshelwa ukhetho kanye nokucijwa kwamakhono ngaphakathi enhlanganweni kugcinwa eHhovisi Likazwelonke LeKhomishana Yokhetho.

2.10 **Ezomthetho**

Umthetho, oSomqulu bakaHulumeni, izinkontileka kanye nezinqumo zenkantolo kugcinwa eHhovisi Likazwelonke LeKhomishana Yokhetho.

3. **IZINQUBOKUSEBENZA ZESICELO**

3.1 Ukufinyelela olwazini olusohlwini olungenhla kuncike ezimiselweni ze-PAIA kanye ne-POPIA futhi kuyocelwa ngokwenza lokhu:

3.1.1 ukugcwalisa iFomu A elinqunyiwe (“ifomu lesicelo”) eliqukethwe kwiSijobelelo B esinanyathiselwe lapha; kanye

3.1.2 nokukhokhwa kwemali enqunyiwe njengoba kuveziwe kwiSijobelelo C esinanyathiselwe lapha. Nakuba kunjalo, umfakisicelo ofuna ukuthola irekhodi eliqukethe ulwazi olungolwakhe yena siqu akudingeki ukuthi akhokhe imali yokufaka isicelo.

3.2 Umfakisicelo kufanele aveze ukuthi isicelo ngesekhophi yerekhodi noma ngabe umfakisicelo ufuna ukuhlola irekhodi emahhovisi eKhomishana Yokhetho.

3.3 Ukufinyelela olwazini olushiwo ngenhla kuzovunyelwa kuphela kumfakisicelo ngendlela ayicelile, ngaphandle uma leyo ndlela izophazamisa ngokungafanele ukuqhutshwa nokusebenza kweKhomishana yoKhetho noma yonakalise amarekhodi ayo noma yephule ilungelo layo lokushicilela.

3.4 Uma ngezizathu ezibambekayo, ukufinyelela kungeke kunikezwe ngendlela eceliwe kodwa kuzonikezwa ngenye indlela, imali yokufinyelela izobalwa ngokwendlela umfakisicelo ayeyicelile.

3.5 Uma umfakisicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma enokukhubazeka, lowo mfakasicelo angacela irekhodi ngomlomo, nalapho iSekela Lesikhulu Solwazi/Isikhulu Solwazi bezogcwalisa ifomu egameni lalowo mfakisicelo bese benikeza umfakisicelo lelo fomu eseligcwalisiwe.

3.6 Umfakisicelo kufanele aveze ngokucacile efomini lesicelo:

3.6.1 isifiso sokwaziswa ngempumelelo yesicelo ngocingo noma nganoma iyiphi enye indlela; kanye

3.6.2 negunya alinikeziwe lokufaka isicelo esimweni lapho ulwazi lucelwa egameni lomunye umuntu.

3.7 Ngemuva kokuba iSekela Lesikhulu Solwazi/Isikhulu Solwazi sesenze isinqumo ngesicelo, umfakisicelo uzokwaziswa ngesinqumo ngendlela eceliwe.

3.8 Inqubo okufanele ilandelwe uma isicelo sokufinyelela senqatshwa ichaziwe kwiSahluko 5 ngezansi.

## 4. IZIDALULO EZIZENZEKELAYO (ISIGABA 14(1)(b)(iii))

4.1 Ulwazi ngalezi zihloko ezilandelayo, kuncike ezimiselweni ze-POPIA luyatholakala, ngaphandle kwesicelo esisemthethweni esifakwa kwisizindalwazi seKhomishana Yokhetho kanye nangendlela yezincwajana:

4.1.1 imisebenzi kanye nezibopho zeKhomishana Yokhetho;

4.1.2 izinsizakalo ezenziwa yiKhomishana Yokhetho;

4.1.3 imiphumela yokhetho;

4.1.4 imininingwane yezibalo ngokubhaliswa kwabavoti;

4.1.5 ulwazi maqondana namaqembu ezepolitiki;

4.1.6 izinhlu eziqukethe amagama abantu abangenele ukhetho abaqokwe okhethweni;

4.1.7 imininingwane kanye nezizinda zeziteshi zokuvota zokhetho ngalunye;

4.1.8 amanani ezimali ezikhishelwe amaqembu amelwe kanye nabantu abangenele ukhetho ngokuzimela ngokoMthetho Wokuxhaswa Ngezimali Kwamaqembu Ezepolitiki;

4.1.9 amanani ezimali adalulwe ngamaqembu ezepolitiki kanye nabantu abangenele ukhetho ngokuzimela abawathole ngokunikelelwa okuqondile;

4.1.10 imibiko eshicilelwe okuhlanganisa nemibiko yokhetho yonyaka kanye nehambisana nayo;

4.1.11 imininingwane ejwayelekile ephathelene neKhomishana Yokhetho (izincwajana, amapheshana, amaphosta);

4.1.12 ulwazi olukhethiwe lokuthengwa kwempahla; kanye

4.1.13 nezincwadi zezindaba.

## ISAHLUKO 3:
## IZINSIZAKALO EZITHOLAKALAYO

1. **UHLOBOBUNJALO BEZINSIZAKALO (ISIGABA 14(1)(b)(iv))**

1.1 IKhomishana Yokhetho inikezela ngalezi zinsizakalo ezilandelayo kumalungu omphakathi:

1.1.1 ukuphatha ukhetho lwezikhungo zezishayamthetho

1.1.2 ukuqinisekisa ukuthi noma yiluphi ukhetho lukhululekile futhi lunobulungiswa

1.1.3 ukugqugquzela izimo ezivumela ukuba kube nokhetho olukhululekileyo nolunobulungiswa

1.1.4 ukukhuthaza ulwazi lwezinqubo zokhetho eziphusile nezentando yeningi

1.1.5 ukuhlanganisa kanye nokugcina uhlu lwabavoti ngokusebenzisa uhlelo lokubhalisa abavoti abafanelekile ngokusebenzisa imininingo etholakala emithonjeni kahulumeni kanye nolwazi olunikezwe ngabavoti

1.1.6 ukuhlanganisa kanye nokugcina irejista yamaqembu

1.1.7 ukusungula nokugcina ukuxhumana nokubambisana nabantu abaqokelwe ukungenela ukhetho kanye nabameleli

1.1.8 ukuqala kanye nokukhuthaza ucwaningo ngezindaba zokhetho

1.1.9 ukuthuthukisa nokukhuthaza ukuthuthukiswa kobungoti bezokhetho kanye nobuchwepheshe kuyo yonke imikhakha kahulumeni

1.1.10 ukubuyekeza ngokuqhubekayo imithetho yokhetho kanye nemithetho yokhetho ehlongozwayo, nokwenza izincomo mayelana nalokho

1.1.11 ukugqugquzela ukufundiswa kwabavoti

1.1.12 ukukhuthaza ukubambisana kanye naphakathi kwabantu, izikhungo, ohulumeni kanye nabaphathi bokwenziwa komsebenzi ukuze kufezekiswe izinjongo zayo.

1.1.13 ukumemezela imiphumela yokhetho lwezikhungo zezishayamthetho zikazwelonke, zezifundazwe kanye nezomasipala ezinsukwini eziyisikhombisa ngemva kwalolo khetho.

1.1.14 ukuthatha izinqumo ezingxabanweni ezingase ziqubuke enhlanganweni, kubaphathi bokwenziwa komsebenzi noma ekubanjweni kokhetho futhi izingxabano eziwuhlobo lokuphathwa komsebenzi

1.1.15 ukuqoka abaphathi bokwenziwa komsebenzi womphakathi abafanelekile kunoma yimuphi umkhakha kahulumeni ukuze baqhube ukhetho uma kunesidingo

1.1.16 ukwabiwa kanye nokukhokhwa kwezimali njalo ngekota emaqenjini ezepolitiki amelelekile kanye nakubameleli abangenele ukhetho ngokuzimela

1.2 **Ungafinyelela kanjani ezinsizakalweni zeKhomishana Yokhetho**

Iningi lalezi zinsizakalo ezibalulwe ngenhla zingafinyelelwa ngokusebenzisa Izikhulu Zolwazi imininingwane yazo yokuxhumana eveziwe kuSahluko 1.

## ISAHLUKO 4:

1. **IZINHLELO EZIVUMELA UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOKUSETSHENZISWA KWAMANDLA EKHOMISHANA YOKHETHO (ISIGABA 14(1)(b)(v))**

1.1 KwiKhomishana Yokhetho, izinhlelo zokubandakanya umphakathi zibandakanya:

1.1.1 imihlangano yokucobelelana ngolwazi yabavoti, imiklamo yezikole - umphakathi ungathamela futhi ufake imibono yawo kulezi zingxoxo;

1.1.2 imibiko - uMbiko Wonyaka kanye Nemibiko Yokhetho yeKhomishana Yokhetho ivulelekile emphakathini ukuze ibhekisiswe futhi kuphawulwe ngayo;

1.1.3 imithethonqubo ekhishwe yiKhomishana iyashicilelwa ukuze umphakathi uphawule ngayo ngaphambi kokuba iphothulwe;

1.1.4 ukunqunywa kwezinqubomigomo kuvulelekile ekubandakanyweni komphakathi isib. ukunqunywa kwenani lezihlalo ezishayamthetho kanye nokunqunywa kwezihlalo zezifunda eSishayamthetho Sikazwelonke;

1.1.5 oSomqulu Bakahulumeni - lokhu kushicilelwa njalo futhi umphakathi unikezwa ithuba lokufaka imibono yawo kwimigomo/izinqubomgomo ezizokwamukelwa yiKhomishana Yokhetho;

1.1.6 ababambiqhaza abakhethekile - imihlangano yeKomidi Lokuxhumanisa Amaqembu Ezepolitiki iyabanjwa njalo lapho imibono mayelana nezinqubo zokhetho kanye nohlaka lwemithethonqubo kuhlinzekwa khona ngamaqembu ezepolitiki;

1.1.7 ababambiqhaza jikelele - imihlangano yokudingida kabanzi ukuze kwenziwe inqubomgomo iyabanjwa njalo ngemuva kokhetho ehlinzeka ngamathuba kubabambiqhaza ukuze babambe iqhaza ngokwenza iziphakamiso maqondana nenqubomgomo; kanye

1.1.8 nemihlangano yeKomidi Eliqaphe Ukusebenza KwePhalamende - umphakathi uyayithamela le mihlangano futhi uhlinzeke ngemibono kanye nokuphawula kwawo ngezindaba okuxoxwe ngazo.

**ISAHLUKO 5:**

**UMTHETHO WOKUVIKELWA KOLWAZI LOMUNTU SIQU**

1. **UKUCUTSHUNGULWA KWE-POPIA**

1.1 Ngezinjongo zokwenza isicelo solwazi lomuntu siqu, ulwazi olungezansi lubandakanya imininingwane yenhloso yokucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu yiKhomishana Yokhetho, incazelo yemikhakha yabanikazi bemininingo kanye nolwazi noma imikhakha yolwazi oluhlobene nabanikazi bemininingo ephethwe yiKhomishana Yokhetho, abamukeli noma imikhakha yabamukeli okuyibona ulwazi lomuntu siqu olunganikezelwa kubo, ukudluliselwa phambili okuhleliwe kolwazi lomuntu siqu, kanye nencazelo ejwayelekile evumela ukuhlolwa kokuqala kokufaneleka kwezinyathelo zokuphepha zolwazi okumele zisetshenziswe yiKhomishana Yokhetho ukuqinisekisa ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi okufanele lucutshungulwe.

1.2 Ngokwe-POPIA, umfakisicelo okuqondene naye imininingwane ethile yolwazi lomuntu siqu angacela iKhomishana Yokhetho ukuthi iqinisekise, mahhala, ukuthi inalo yini ulwazi lomuntu siqu mayelana nalowo mfakisicelo noma cha.

1.3 Umfakisicelo angenza isicelo sokuthi iKhomishana Yokhetho ihlinzeke ngerekhodi noma incazelo yolwazi lomuntu siqu mayelana nomfakisicelo olugcinwe iyona, okubandakanya ulwazi mayelana nobunikazi bezinkampani zangaphandle, noma imikhakha yabanye abantu, abaye, noma abake bafinyelela noma bathola ulwazi. Lesi sicelo kumele senziwe ngesikhathi esifanele, ngendlela efanele, nangefomethi efanele, ngokukhokhelwa imali, nangefomu eliqondakalayo jikelele.

2. **INHLOSONGQANGI YOKUCUTSHUNGULWA (ISIGABA 14(1)(c)(i))**

| **Umkhakha wabanikazi bemininingo** | **Incazelo ebanzi yezinjongo zokucubungula** |
|---|---|
| Amaqembu ezepolitiki | IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu ukuze igcwalise noma ifezekise izibopho zayo ezingokomthetho ngaphansi koMthetho Wokhetho, we-1998 (uMthetho onguNombolo 73 we-1998) kanye noMthetho Wokuxhaswa Ngezimali Kwamaqembu Ezepolitiki onguNombolo 6 wezi-2018. IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu, phakathi kokunye, ngalezi zinhloso ezilandelayo: -<br>a) Ukucubungula izicelo zokubhaliswa kwamaqembu ezepolitiki kanye nokuqokwa Kwabantu abangenele ukhetho<br>b) Ukubhaliswa kwabaxhasi abaxhasa amaqembu ezepolitiki kanye nabafaka isandla ku-MPDF; |
| Abavoti ababhalisiwe | IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu, phakathi kokunye, ngalezi zinhloso ezilandelayo: -<br>a) Ukuhlanganiswa kohlu lukazwelonke lwabavoti oluvamile olubala bonke abavoti abafanelekile okhethweni futhi ngaleyo ndlela lungenye yezinsika zokhetho olukhululekile nolunobulungiswa.<br>b) Ukuqinisekisa ukuthi abavoti babhalisiwe ezifundeni zokuvota ezixhumene nendawo yabavoti lapho behlala khona<br>c) Ukuqinisekisa ukuthi abavoti ababhalisiwe kuphela endaweni abavota okhethweni oluthinta indawo. |
| Abantu abangenele ukhetho | IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu, phakathi kokunye, ngalezi zinhloso ezilandelayo: - |

| | |
|---|---|
| | a) Ukuhlanganiswa kohlu lokhetho lukaZwelonke, lweSifundazwe, lweSifunda kanye nolukaMasipala lwabantu abangenele ukhetho;<br>b) Ukwenza kutholakale imininingwane yabantu abangenele ukhetho ukuze bakwazi ukuphikisa abantu abavinjwe nguMthethosisekelo ukuba babambe izikhundla ezikhethiwe;<br>c) Ukuhlanganisa kanye nokushicilelwa kwabameleli abaqokiwe ngokwephuzu 14 iSheduli 1A yoMthetho Wokhetho;<br>d) Ukuhlanganisa nokushicilelwa koHlu Lwamakhansela Akhethiwe. |
| Izikhulu zokhetho, abafake izicelo zokuqashwa nabasebenzi | IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu, phakathi kokunye, ngalezi zinhloso ezilandelayo: -<br>Izinqubomgomo ze-HR kanye nezinqubokusebenza;<br>- Izikhala zomsebenzi ezikhangisiwe;<br>- Amarekhodi abasebenzi;<br>- Ukufunda Nokuthuthukisa isb: - Izinhlelo Zokuthuthukiswa Kwamakhono Nokuqeqesha, Uhlelo Lokuqashwa Ngokulinganayo kanye Nezibalo |
| Osonkontileka / abahlinzeki bezinsizakalo | IKhomishana Yokhetho iqoqa futhi icubungule ulwazi lomuntu siqu, phakathi kokunye, ngalezi zinhloso ezilandelayo: -<br>Ukuphathwa Kochungechunge Lokuphakelwa Kwempahla, Izinhlelo Zokuthengwa Kwempahla,<br>Amathenda Akhethekile kanye Nezinkontileka, Ukuphathwa Kobungozi, Ukucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokuphathwa Kwezezimali. |

3. **IMIKHAKHA YABANIKAZI BEMINININGO KANYE NEMIKHAKHA YOLWAZI (ISIGABA 14(1)(c)(ii))**

| Abanikazi bemininingo | Imikhakha Yolwazi |
|---|---|
| Amaqembu ezepolitiki | Izinombolo zikamazisi<br>Izinombolo zokubhaliswa kweqembu<br>Imininingwane Yokuxhumana (izinombolo zokuxhumala, inombolo yefeksi, i-imeyili<br>Imininingwane Yasebhange<br>Izincwadi eziyimfihlo<br>Ikheli lendawo kanye nelokuposa<br>Ulwazi lwezezimali<br>Imibhalo yokusungula<br>Abasayinayo abagunyaziwe<br>Igama noma Ilogo Yeqembu, Incwadi Yokuqokwa Komuntu Oseceleni evela kwa-SARS<br>Amarekhodi okubhanga ngobuxhakaxhaka bukagesi<br>Konke okunye ukuthobela umthetho |
| abavoti | Igama nesibongo<br>Inombolo kamazisi |

| | |
|---|---|
| | Ikheli lendawo yokuhlala<br>Inombolo yocingo<br>Ikheli le-imeyili |
| Abantu abangenele ukhetho | Igama nesibongo<br>Inombolo kamazisi |
| Izikhulu zokhetho, abafakizicelo zomsebenzi kanye nabasebenzi | Igama nesibongo<br>Inombolo kamazisi / inombolo yephasiphothi<br>Imininingwane yokuxhumana<br>Imininingwane yesihlobo<br>Uhlanga<br>Iminyaka yobudala<br>Ubulili<br>Ulimi<br>Ubuzwe<br>Isimo sakho somshado<br>Ulwazi lwezemfundo<br>Umlando wokusebenza<br>Umsebenzi wezepolitiki<br>Umlando wezikweletu<br>Irekhodi lobugebengu<br>Ukukhubazeka<br>Ulwazi lwebhayomethrikhi<br>Imininingwane ye-akhawunti yasebhange<br>Ulwazi lwezempilo (maqondana nekhefu lokugula kanye nokuphathwa kokuhlulwa umsebenzi)<br>Ukukhulelwa (ngezinhloso zokwenziwa komsebenzi wekhefu lokuyobeletha)<br>Izimvo noma imibono yabanye mayelana nomsebenzi (isb. ngokwezinjongo zokuphatha ukusebenza)<br>Isitifiketi sikadokotela |
| Osonkontileka / abahlinzeki bezinsizakalo | Imininingwane yokubhaliswa kwenkampani<br>Ulwazi oluhlobene nentela kanye nezinombolo ze-VAT<br>Igama lesikhungo<br>Igama labaqondisi<br>Ababambiqhaza<br>Imininingwane yokuxhumana kanye namakheli<br>Ulwazi lwezezimali<br>Umbhalo wokusungula<br>Abasayinayo abagunyaziwe<br>Isimo se-B-BBEE<br>Amabhizinisi axhumene<br>Igama Lohwebo noma ilogo yenkampani<br>Incwadi Yokuqokwa evela kwa-SARS |

| | |
|---|---|
| | Imininingwane Yokuxhumana (izinombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, i-imeyili<br>Imininingwane Yesebhange<br>Izincwadi eziyimfihlo<br>Ikheli lendawo kanye nekheli lokuposa<br>Imiqingo ye-BID, Izinkontileka, Imiyalelo Yokuthenga, Amakhotheshini, Amathenda, Imigomo Yokubhekisela kanye Nokuqasha, Uhlu lwabantu abafake izicelo Zamathenda, Uhlu Lwamathenda Akhishiwe. |

4. **ABAMUKELI/IMIKHAKHA YABAMUKELI OKUYIBONA ABANGANIKEZELWA NGOLWAZI LOMUNTU SIQU (ISIGABA 14(1)(c)(iii))**

| **Abanikazi bemininingo** | **Okungenzeka babe ngabamukeli** |
|---|---|
| Amaqembu ezepolitiki | IKhomishana Yokhetho ingase inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo kubaSebenzi beKhomishana Yokhetho, njengengxenye yokufeza igunya layo elisemthethweni.<br>IKhomishana Yokhetho ingase inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo Kubahlinzeki Bezinsizakalo abahlinzeka ngalezi zinsizakalo ezilandelayo –<br>Uphenyo lwezobunhloli kanye nanoma yiluphi olunye uphenyo oluhlobene nemisebenzi yeKhomishana Yokhetho.<br>IKhomishana Yokhetho ingase futhi inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo -<br>kunoma yimuphi umuntu isikhalazo esifakwe ngaye;<br>kunoma yisiphi isiphathimandla esilawulayo noma inkantolo, maqondana nanoma yiluphi udaba noma ingxenye yalo, oluwela ngaphansi kwamandla abo;<br>ezikhungweni eziqinisekisa ukuthotshelwa komthetho, njengoPhiko Lukazwelonke Lwezokushushisa noma Umbutho Wamaphoyisa waseNingizimu Afrika, ukuze kuphenywe ngobugebengu; kanye naseziNkantolo, mayelana nanoma yiluphi udaba oluthathelwe ukubuyekezwa kobulungiswa. |
| Abavoti ababhalisiwe | IKhomishana Yokhetho ingahlinzeka ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo emaqenjini ezepolitiki, kumuntu ongenele ukhetho ngokuzimela kanye nanoma yimuphi umuntu onentshisekelo; ukuze kuhlolwe umqulu wabavoti.<br>IKhomishana Yokhetho ingase futhi inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo -<br>kunoma yimuphi umuntu isikhalazo esifakwe ngaye;<br>ezikhungweni eziqinisekisa ukuthotshelwa komthetho, njengoPhiko Lukazwelonke Lwezokushushisa noma Umbutho Wamaphoyisa waseNingizimu Afrika, ukuze kuphenywe ngobugebengu; kanye naseziNkantolo, mayelana nanoma yiluphi udaba oludlulisiwe ukuze lubuyekezwe kabusha. |
| Abantu abangenele ukhetho | IKhomishana Yokhetho ingase inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo kubaSebenzi beKhomishana Yokhetho, njengengxenye yokufeza igunya layo elisemthethweni |

| | |
|---|---|
| | IKhomishana Yokhetho ishicilela amagama abantu abazongenela ukhetho ukuze baphikise ukufaneleka noma okunye kwalowo ongenele ukhetho ngokoMthethosisekelo. |
| Izikhulu zokhetho, abafakizicelo zomsebenzi kanye nabasebenzi | IKhomishana Yokhetho ingase inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo Kubahlinzeki Bezinsizakalo abahlinzeka ngalezi zinsizakalo ezilandelayo –<br>Ukubamba/ukulondoloza kanye nokuhlela ulwazi lomuntu siqu;<br>ukugcinwa kolwazi lomuntu siqu;<br>ukwenzisiswa komsebenzi ngendlela efanele;<br>ukwemukeleka kwezombusazwe kwezikhulu zokhetho<br>ukuqhuba imisebenzi yokuqapha ubugebengu;<br>ukuqhuba imisebenzi yokuqinisekiswa kweziqu zemfundo; |
| | |
| OSonkontileka / abahlinzeki bezinsizakalo | IKhomishana Yokhetho ingase inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabanikazi bemininingo kubaSebenzi beKhomishana Yokhetho, njengengxenye yokufeza igunya layo elisemthethweni. |

5. **UKUTHUNYELWA OKUHLELIWE KOLWAZI LOMUNTU SIQU PHAKATHI KWAMAZWE AHLUKENE (ISIGABA 14(1)(c)(iv))**

| **Yebo** | **Cha** |
|---|---|
| Uma uthi yebo, yiziphi iziphathimandla: | X |

6. **INCAZELO EJWAYELEKILE YEZINYATHELO ZOKUVIKELA ULWAZI (ISIGABA 14(1)(c)(v))**

| **Izinyathelo Zobuchwepheshe** | **Izinyathelo Zenhlangano** |
|---|---|
| 1. IKhomishana Yokhetho isebenzisa amasethi amabili ezivimbelangozi (firewalls) (ezisemngceleni kanye neziwuMongo) eziphuma kwimikhiqizo ehlukene<br>2. Ukuqinisekisa - Ukufinyelela kwinethiwekhi yakwa-IEC kufanele kugunyazwe ngegama lomsebenzisi/ubunikazi bomsebenzisi kanye negamamfihlo.<br>3. Ukugunyazwa - Ukufinyelela kwinethiwekhi yakwa-IEC kanye nezinhlelo zokwenziwa komsebenzi kufanele kube ngegama lomsebenzisi eligunyazwe ngaphambilini/ubunikazi bomsebenzisi<br>4. Ukuhlukaniswa Kwenethiwekhi - Inethiwekhi yakwa-IEC ihlukanisiwe, ingxenye ngayinye inamalungelo athile okufinyelela. Amagama abasebenzisi abagunyaziwe kuphela nezinhlelo zokusebenza ezikwazi ukufinyelela ingxenye ngayinye.<br>5. Ukuvikeleka Kwezinhlelokusebenza nge-Inthanethi (Cyber Security) - Ukufinyelela kwinethiwekhi ye-IEC kulawulwa ngamasethi amabili ezivimbelangozi, isivimbelangozi senethiwekhi Esemngceleni kanye Newumongo. Konke ukufinyelela kulawulwa ngala masethi amabili ezivimbelangozi | 1. Inqubomgomo Yezokuphepha Ehlanganisiwe ye-ICT<br>2. Inqubomgomo Yokuphathwa Kwe-akhawunti Yomsebenzisi Ogunyaziwe<br>3. Inqubomgomo Yokuphathwa Kobungozi<br>4. Uhlelo lwe-IEC Lokuphendula Ezigamekweni Zokuhlaselwa Kwezinhlelokusebenza nge-Inthanethi (Cybersecurity)<br>5. Ukuvikeleka ngokomzimba - ukungena esakhiweni kuvinjelwe ngonogada kanye namasango okungenwa kuwona ngemvume<br>6. Ukufinyelela egunjini leseva kanye nengqalasizinda emqoka kunqunyelwe kubantu ababaluliwe futhi bagunyazwa kusengaphambili. |

| | |
|---|---|
| 6. Kwizivimbelangozi ezisemngceleni - insizakalo Yokuphathwa Kosongo Okuhlangene (Unified Threat Management (UTM) (Ukulwisana Nesihlava (Antivirus), i-Anti-Bot, Uhlelo Lokuvimbela Ukugulukudela / Uhlelo Lokuhlonza Ukugulukudela (IPS/IDS), Ukulawulwa Kohlelo Lokusebenza kanye nokuhlungwa kokuqukethwe)<br>7. Kwizivimbelangozi eziwumongo - Ukulingisa Usongo (Sandboxing) kanye Nokukhipha - kuhlaziya okuqukethwe (njenge-imeyili namafayela ayo anamathiselwe), kukhomba amafayela amabi, futhi kuyawakhipha ngaphambi kokuba angene kwa-IEC.<br>8. Kwizivimbelangozi Eziwumongo, amanye Amamojula (Ukulwisana Nesihlava, i-Anti-Bot, IPS/IDS, Ukulawulwa Kohlelo Lokusebenza) nawo akhona<br>9. Isivimbelangozi Sokutshenziswa Kwesizindalwazi – isivikelo ku-OWASP Top 10 kukho kokubili ukuncishiswa kwe-DDOS ephambana nomzila kanye nakwisivimbelangozi esisemngceleni<br>10. I-Upstream Distributed Denial of Service (DDOS) ekumhlinzeki wensizakalo wangaphandle kanye nakwisivimbelangozi esisemngceleni<br>11. Ukulwisana Nesihlava emishinini yabasebenzisi bensizakalo bokugcina<br>12. Ukuphendula Nokuhlonza Okusemaphethelweni (Endpoint Detect and Response (EDR) emishinini yabasebenzisi bensizakalo bokugcina<br>13. Ukufinyelela kwinethiwekhi nganoma iyiphi ikhompyutha kufanele kugunyazwe kusengaphambili | |

## ISAHLUKO 6:
## OKUNHLOBONHLOBO

1. **UKUBUYEKEZWA KWENCWAJANA**

1.1 IKhomishana Yokhetho, uma kunesidingo, izobuyekeza futhi ishicilele Incwajana yayo minyaka yonke. Izinsuku zokuchitshiyelwa kwale Ncwajana zikhonjisiwe kwiSijobelelo E, esinanyathiselwe lapha.

2. **UKUTHOLAKALA KWENCWAJANA**

2.1 Imithethonqubo eyenziwe ngokoMthetho inquma ukuthi:

2.2 “(a) Isikhulu Solwazi senhlangano kahulumeni kufanele:

2.2.1 (i) Senze kutholakale ikhophi yeNcwajana okungenani ngezilimi ezintathu ezisemthethweni okuyizona iNcwajana ebhalwe ngazo njengoba kudingeka ngokwesigaba 14 soMthetho,

2.2.1.1 (aa) KwiKhomishana Yamalungelo Abantu; kanye


2.2.1.2 (bb) Nasehhovisi lakomkhulu lalo lawo wonke amahhovisi aleyo nhlangano kahulumeni; futhii

2.2.2 (ii) senze kutholakale incwajana kwisizindalwazi, uma sikhona, senhlangano kahulumeni; futhi

2.3 (b) Isikhulu Solwazi senhlangano kahulumeni singashicilela incwajana ngezilimi ezintathu ezisemthethweni kuSomqulu Kahulumeni.”

**ISIJOBELELO A**

**Uhlaka Lomfanekiso Wesakhiwo Sekhomishana Yokhetho**



**<u>ISHEJULI A</u>**

**IFOMU 2**

**ISICELO SOKUFINYELELA KWIREKHODI**

(Isigaba 18(1) soMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi, wezi-2000)

[Umthethonqubo 6]

*Qaphela:*

1. *Ubufakazi bukamazisi kufanele bunanyathiselwe ngumfakisicelo.*
2. *Uma izicelo zenziwe egameni lomunye umuntu, ubufakazi baleso sigunyazo, kufanele bunanyathiselwe kuleli fomu.*

**IQONDISWE:** KwiSikhulu Solwazi

__________________________________

__________________________________

__________________________________

__________________________________

*(Ikheli)*

Ikheli le-imeyili: __________________________

Inombolo yefeksi: __________________________

*Faka uphawu "X"*

☐ Isicelo senziwe ngegama lami

☐ Isicelo senziwe egameni lomunye umuntu

| **ULWAZI LOMUNTU SIQU** | |
|---|---|
| Amagama aphelele: | |
| Inombolo kamazisi: | |
| Isikhundla isicelo esenziwe ngaphansi kwaso *(uma senziwe egameni lomunye umuntu*): | |
| Ikheli leposi: | |
| Ikheli lomgwaqo: | |
| Ikheli le-imeyili: | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Izinombolo zokuxhumana: | Ucingo. (B): | | Isikhahlamezi: | |
| | Umakhalekhukhwini: | | | |
| Amagama aphelele omuntu okwenziwa isicelo ngaphansi kwegama lakhe *(uma kufanelekile):* | | | | |
| Inombolo kamazisi: | | | | |
| Ikheli leposi: | | | | |
| Ikheli lomgwaqo: | | | | |
| Ikheli le-imeyili: | | | | |
| Izinombolo zokuxhumana: | Ucingo. (B): | | Isikhahlamezi: | |
| | Umakhalekhukhwini: | | | |

| | |
|---|---|
| **IMININGINGWANE YEREKHODI ELICELIWE**<br>*Hlinzeka imininingwane egcwele yerekhodi ocela ukufinyelela kulo, kubandakanya nenombolo yereferensi uma uyazi, ukuze irekhodi litholakale. (Uma isikhala esinikeziwe singenele, sicela uqhubeke ekhasini elihlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Wonke amakhasi engeziwe kufanele asayinwe.)* | |
| Incazelo yerekhodi lengxenye efanele yerekhodi: | |
| Inombolo yerefurensi, uma ikhona: | |
| Noma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi: | |

| | |
|---|---|
| **UHLOBO LWEREKHODI**<br>*(Faka uphawu "X" kuwo wonke amabhokisi afanelekile.)* | |
| Irekhodi libhalwe phansi noma liphrintiwe. | |
| Irekhodi lihlanganisa izithombe ezibonakalayo (lokhu kubandakanya izithombe, amaslayidi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezikhiqizwe ngekhompuyutha, imidwebo njll.) | |
| Irekhodi liqukethe amagama aqoshiwe noma ulwazi olungaphinde lwenziwe ngomsindo. | |
| Irekhodi ligcinwe kwikhompuyutha noma ngobuxhakaxhaka bukagesi, okanye ngendlela efundeka ngomshini. | |
| **IFOMU LOKUFINYELELA** | |

| (*Faka uphawu "X" ebhokisini elifanelekile)* | |
|---|---|
| Ikhophi ephrintiwe yerekhodi *(okuhlanganisa namakhophi anoma yiziphi izithombe ezibonakalayo, okulotshiweyo kanye nolwazi olugcinwe kukhompuyutha noma ngendlela yobuxhakaxhaka bukagesi noma efundeka ngomshini).* | |
| Okulotshiweyo okubhaliwe noma okuphrintiwe kwezithombe ezibonakalayo *(lokhu kuhlanganisa izithombe, amaslayidi, amavidiyo aqoshiwe, izithombe ezikhiqizwe ngekhompuyutha, imidwebo, njll.).* | |
| Ukulotshwa kombhalo womsindo oqoshiwe *(umqingo obhaliwe noma ophrintiwe).* | |
| Ikhophi yerekhodi eku-flash drive *(okuhlanganisa izithombe ezibonakalayo nemisindo eqoshiwe).* | |
| Ikhophi yerekhodi eku-compact disc drive *(okuhlanganisa izithombe ezibonakalayo nemisindo eqoshiwe).* | |
| Ikhophi yerekhodi elondolozwe kwiseva ye-cloud storage. | |
| **INDLELA YOKUFINYELELA**<br>*(Faka uphawu "X" ebhokisini elifanelekile)* | |
| Ukuhlola komuntu siqu irekhodi ekhelini elibhalisiwe lenhlangano kahulumeni/ezimele *(okuhlanganisa nokulalela amagama aqoshiwe, ulwazi olungaphinda lukhiqizwe ngomsindo, noma ulwazi olugcinwe kwikhompyutha noma ngendlela yobuxhakaxhaka bukagesi noma efundeka ngomshini).* | |
| Izinsizakalo zeposi ekhelini leposi. | |
| Izinsizakalo zeposi ekhelini lomgwaqo. | |
| Insizakalo yenkampani ehambisa impahla ekhelini lomgwaqo. | |
| Ifeksi yolwazi ngefomethi ebhaliwe noma ephrintiwe *(kubandakanya imibhalo elotshiwe).* | |
| I-imeyili yolwazi *(kubandakanya imisindo eqoshiwe uma ikhona).* | |
| Ukwabelana nge-cloud/ukudlulisa ifayela. | |
| Ulimi oluncanyelwayo:<br>*(Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ukufinyelela kunganikezwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.)* | |
| **IZIMALI EZIKHOKHWAYO** | |
| a) *Imali yesicelo kufanele ikhokhwe ngaphambi kokuthi isicelo sicutshungulwe.*<br>b) *Uzokwaziswa ngenani lemali yokufinyelela okufanele ikhokhwe.*<br>c) *Imali ekhokhwayo yokuthola irekhodi incike ohlotsheni oludingekayo kanye nesikhathi esidingekayo sokucinga nokulungisa irekhodi.*<br>d) *Uma ufaneleka ukukhululwa ekukhokhweni kwanoma iyiphi imali, sicela usho isizathu sokukhululwa.* | |
| Isizathu: | |

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ukuthi isicelo sakho sivunyiwe noma sinqatshiwe futhi uma sivunyiwe uzokwaziswa zindleko eziphathelene nesicelo sakho, uma zikhona. Sicela ubonise indlela oyithandayo yokuxhumana.

**Izimali ezikhokhwayo**

Izimali zokufinyelela ezikhokhelwa ukukhiqizwa kabusha kolwazi olutholakala ngokuzenzekela kwa-IEC (isicelo sesigaba 15), zimi kanje:

| | | |
|---|---|---|
| (a) | Ngayo yonke ikhophi egayiwe/ikhophi ephrintiwe ngokumnyama nokumhlophe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo. | R1,50 |
| (b) | Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R1,50 |
| (c) | Ukuze uthole ikhophi efomini elifundeka ngekhompuyutha kwi:<br>(i) flash drive (okumele ihlinzekwe ngumfakisicelo)<br>(ii) compact disc<br>- Uma ihlinzekiwe ngumfakisicelo<br>- Uma ihlinzekiwe kumfakisicelo | R40,00<br>R40,00<br>R60,00 |
| (d) | Okokulotshwa kwezithombe ezibukwayo, zekhasi elingusayizi A4 noma ingxenye yalo | Insizakalo izohlinzekwa yinkampani yangaphandle, kuzoncika kwikhotheshini evela kumhlinzeki wensizakalo. |
| (e) | Ukuze uthole ikhophi yezithombe ezibonakalayo | Insizakalo izohlinzekwa yinkampani yangaphandle, kuzoncika kwikhotheshini evela kumhlinzeki wensizakalo. |
| (f) | Okokulotshwa kwerekhodi lomsindo oqoshiwe, lekhasi elingusayizi we-A4 | R24,00 |
| (g) | Ikhophi yerekhodi lomsindo oqoshiwe, ekhasini ngalinye eliwusayizi ongu-A4<br>(i) (i) flash drive (okumele ihlinzekwe ngumfakisicelo)<br>(ii) compact disc<br>- Uma ihlinzekiwe ngumfakisicelo<br>- Uma ihlinzekiwe kumfakisicelo | R40,00<br>R40,00<br>R60,00 |

<u>Imali yesicelo kanye nezimali zokufinyelela</u> zolwazi okudingeka lucelwe ngokwe-PAIA kanye/noma i-POPIA (isicelo sesigaba 18) imi kanje:

| | | |
|---|---|---|
| (a) | **Imali yesicelo ekhokhwa yiwo wonke umfakisicelo** | **R100.00** |
| (b) | Ngayo yonke ikhophi egayiwe/ikhophi ephrintiwe ngokumnyama nokumhlophe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R1,50 |
| (c) | Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R1,50 |

| | | |
|---|---|---|
| (d) | Ukuze uthole ikhophi ngendlela efundeka kwikhompuyutha kwi:<br>(i) flash drive (okumele ihlinzekwe ngumfakisicelo)<br>(ii) compact disc<br>- Uma ihlinzekiwe ngumfakisicelo<br>- Uma ihlinzekiwe kumfakisicelo | R40,00<br>R40,00<br>R60,00 |
| (e) | Okokulotshwa kwezithombe ezibukwayo, zekhasi elingusayizi A4 noma ingxenye yalo | Insizakalo izohlinzekwa yinkampani yangaphandle, kuzoncika kwikhotheshini evela kumhlinzeki wensizakalo. |
| (f) | Ukuze uthole ikhophi yezithombe ezibonakalayo | Insizakalo izohlinzekwa yinkampani yangaphandle, kuzoncika kwikhotheshini evela kumhlinzeki wensizakalo. |
| (g) | Okokulotshwa kwerekhodi lomsindo oqoshiwe, lekhasi elingusayizi we-A4 | R24,00 |
| (h) | Ngekhophi yerekhodi lomsindo oqoshiwe<br>(i) Flash drive (okumele ihlinzekwe ngumfakisicelo)<br>(ii) Compact disk<br>- Uma ihlinzekiwe ngumfakisicelo<br>- Uma ihlinzekiwe kumfakisicelo | R40,00<br>R40,00<br>R60,00 |
| (i) | Ukucinga nokulungisa irekhodi ukuze lidalulwe ihora ngalinye noma ingxenye yehora, ngaphandle kwehora lokuqala, ngokufanelekile.<br>Ukuze ungeqi isamba sezindleko zama: | R100,00<br>R300,00 |
| (j) | Idiphozithi: uma ukucinga kudlula amahora angu-6 | Ingxenye eyodwa kwezintathu yenani lesicelo ngasinye esibalwe ngokwezinto (b) kuya ku-(h). |
| (k) | Iposi, i-imeyili nanoma yikuphi okunye ukudlulisa ngobuxhakaxhaka bukagesi | Izindleko zangempela, uma zikhona. |

Imali yesicelo kufanele ikhokhwe ngaphambi kokuthi isicelo sicutshungulwe.

Lapho isicelo sokuthola irekhodi noma amarekhodi aphethwe yi-IEC sivunyiwe, umfakisicelo kufanele akhokhe imali yokufinyelela yokukhiqizwa kabusha kwerekhodi noma kwamarekhodi kanye nokufuna nokulungisa amarekhodi ukuze adalulwe. Inani lemali yokufinyelela lincike ohlotsheni ukufinyelela okudingeka ngalo kanye nesikhathi esidingekayo sokucinga nokulungisa irekhodi. Umfakisicelo uzokwaziswa ngenani lemali yokufinyelela. I-IEC inegunya lokugodla irekhodi kuze kube yilapho izimali ezidingekayo zokufinyelela sezikhokhiwe.

Isikhulu solwazi singazisa umfakisicelo ukuthi akhokhe, njengediphozithi, ingxenye yemali yokufinyelela (engadluli kwingxenye eyodwa kokuthathu yemali ekhokhwayo) uma isicelo samukelwe futhi uma ukucinga irekhodi kanye

nokulungiswa kwerekhodi ukuze lidalulwe ngokombono wesikhulu solwazi kungadinga amahora angaphezu kwayisithupha.

Uma isicelo samukelwe, idiphozithi (uma ikhona), ikhokhwa ngaphambi kokuba isicelo sicutshungulwe futhi irekhodi eliceliwe noma ingxenye yalo iyokhishwa kuphela uma ubufakazi benkokhelo egcwele sebutholakele.

